

## UKhomishana wakwaSARS uvule Isikhathi Sokubuyiswa Kwamafomu Entela sango-2024

**Tshwane, Cape Town, 16 kuNtulikazi 2024** — UKhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS), uMnu. Edward Kieswetter uzwakalise ukubonga kubo bonke abakhokhintela abaxhumane noSARS kulawa masonto amabili adlulile. Lokhu kubandakanya labo ababe yingxene yeSiKhathi Sokubuyiswa kwamafomu entela omuntu sango-2024 esiqale izolo, mhla ziyi-15 kuNtulikazi 2024 esizoqhube ka kuze kube umhla zingama-21 kuMfumfu 2024 nomhla zingama-20 kuMasingana 2025 kubakhokhintela abavulelekile nabakhokhintela besikhashana, ngokulandelana.

UKhomishana uKieswetter uqinisekile ukuthi “Ngokuhambisana nenhlososu yethu yokusungula uhlelo lwentela nokuLawulwa Kwempahla Emngceleni oluncike ekuthobeleni ngokuzithandela, ngokuhlanganisa abantu, imininingo, kanye nobuchwepeshe, siyaqhube ka nokwenza izinhlelo zethu zibe ezesimanjemanje. Siyaqhube ka nokusebenzela ukuhlinzeka ngosizo olungenazihibe, oluhlomisayo nolwenza abakhokhintela bakwazi ukuzenzela, lapho izinto zentela zizovele zizenzekele kuzigidi zabantu baseNingizimu Afrika. Sizimisele ngokwenza isikhathi sokubuyisa amaformu entela kube yisikhathi okungenziwa lutho ngaso”.

Kulo nyaka kutholakale amalekhodi emininingo kubantu besithathu acela ku-150 million, okuyiyo esakhela phezu kwawo Esikhathini Sokubuyiswa kwamafomu entela. Ukusetshenzwa komthamo omkhulu wemininingo kusetshenziswa ubuhlakanimbumbulu nokufunda komshini okuthuthukisiwe kwenza uSARS ukwazi ukuhlola isibalo esikhulu sabakhokhintela, akwazi nokufaka imininingwane emafomini entela, uthuthukise ukuthembakala kokudalula komkhokhintela, okuphinde kwenze kube lula kumkhokhintela.

Ezinsukwini eziyi-14 zokuqala, abakhokhintela abevile kwabangu-5 million bangena ohlelwani lwethu lwe-Auto Assessment, okuthe u-99.13% wabo wayemukela imiphumela ngaphandle kokwenza ushintsho emafomini abo. Kuze kube manje izimali ezibuyayo ezilinganiselwa ku-R10 billion eziye kubantu abangu-1.6 million abangene ku-auto assessment sezikhokhiwe lapho abantu bebuyelwa izimali ezingalinganiselwa ko-R5900.00.

“Lawa mafomu aminyaka yonke nokuhlola kwentela sikwenze ngesikhathi esisodwa nokuhlola ukuhlola ngakunye kusetshenziswa uhlelo lokuthobela ubungcuphe namandla okwazi ukuhlonza ukukhwabanisa intel. Lokhu konke kwenzeke ngenxa yokuthi sizinikele ekunyuseni saphinde sanwenwisa ukusetshenziswa kwemininingo yomuntu wesithathu eminyakeni embalwa eyedlule. Ngonyaka owedlule, lo msebenzi wenzeze imali engu-R100 billion esikhwameni semali eqoqwayo ngokuvnjwa

kokukhokhwa kwezimali ezibuyayo ezingavumelekile. Ngale kwalempumelelo esibe nayo, ngikholwa ukuthi kuningi esisengakwenza,” kusho uKhomishana uKieswetter.

Emva kokuvulwa kwesikhathi sokubuyiswa kwamafomu entela izolo, mhla ziyi-15 kuNtulikazi 2024, bese kuthunyelwe amafomu entela ayi-191 000 kuwo ayi-183 000 (9%) athunyelwe ngezibhangqiwe kusetshenziswa i-eFiling ne-MobiApp kanti ayizi-7 700 (3%) athunyelwe kusetshenziswa izikhungo zokusiza abakhokhintela. Kuwo angu-90% asetshenzwa emizuzwaneni emi-5.

USARS uyaqhubeka nokunwenisa ulwazi lokufundisa ngokuzisiza wena ngokusebenzisa umgudu we-SARS TV YouTube Channel nesizindalwazi sakwaSARS ukuhlinzeka ngolwazi olufundisayo nolutholakala kalula olwenzelwe ukucacisela abakhokhintela. Uqhubeke ngokuthi, “Sibone cishe abasebenzisi abayisigidi esisodwa besebenzisa lolu lwazi kulamasonto amabili adlulile, lokhu okufezekisa inhlososu yethu yokuhlinzeka ngesiqinisekiso nengcaciso kubakhokhintela.”

Ngokulandelela embonweni kaSARS wezi-2024 wokwakha uSARS ONOBUHLAKANI, WESIMANJE, onesithunzi esingangabazeki, senza izinkundla zethu kube ezesimanjemanje ngokuzenza ngcono nokufaka ezinye izinsizakusebenza ezizokwenza abakhokhintela bakwazi ukuthobela izibophezelozabo kalula nangendlela engenazihibe noma bekuphi.

Ezinkundleni zezibhangqiwe zakwaSARS kube nokuxhumana okungu-16 million kulawa masonto amabili edlule kusetshenziswa i-SARS eFiling, i-MobiApp, Lwazi Chatbot, Help-You-eFile, SARS Online Query System, USSD service (kumaselula angewona ama-smart phones), izinkundla zokuxhumana kanjalo nakumgudu wethu osanda kwethulwa we-WhatsApp (unezinsuku ezintathu), okunciphise, kuze kube manje, isidingo sokuthi umkhokhintela aye noma ashayele emahhovisi ethu. I-SARS Online Service indlela elula ukuyisebenzisa yenkundla ye-inthanethi okungenwa kuyo kusizindalwazi sakwaSARS (<https://tools.sars.gov.za/soqs>). U-WhatsApp wona ungangena kuwo ngokugcina lenombolo yakwaSARS ka-WhatsApp ethi (0800 11 7277) bese uthumela umyalezo bese ulandela imiyalelo. Asikho isidingo sokuya egatsheni lwakwaSARS.

Ngaphambi kokuya egatsheni lakwaSARS, qala uzame le migudu ongazisiza kuyo:

- Vakashela i-SARS eFiling kusizindalwazi sethu ku [www.secure.sarsefiling.co.za](http://www.secure.sarsefiling.co.za)
- Dawuniloda i-SARS Mobi app ku-Google Play noma ku-Apple Stores
- Shayela inombolo ye-USSD - \*134\*7277# ukubuza ngesimo sakho noma eminye imininingwane
- Khuluma noSARS kunombolo ka-WhatsApp - 0800 11 7277

- Ngena ku-SARS On-line Query System (SOQS) kusizindalwazi sethu ku [www.sars.gov.za](http://www.sars.gov.za)
- Vakashela amakhasi ezinkundla zethu zokuxhumana ku-Facebook, LinkedIn, SARS TV – YouTube naku- X (Twitter) lapho ozothola khona amavidiyo okuzisiza wena kanye neziqondiso zesinyathelo ngesinyathelo.
- Shayela i-Contact Centre yethu bese ukhetha u-Help You eFile ukuze udluliselwe kozokusiza
- Beka usuku lokukhulumu ne-ejenti ku-inthanethi, ngocingo noma siqu uma konke lokhu okunye kuhluleka, lokhu ungakwenza esikhungweni sokusiza abakhokhintela
- Uma kungekho okuphumelelayo angeke simjikise umkhokhintela ofikayo ezikhungweni zethu zokusiza abakhokhintela, inqobo nje uma bekulungele ukulinda.

Lezi zinkundla zokuzisiza wena zenza abakhokhintela bakwazi:

- Ukuthumela umbuzo mayelana nokukhokha;
- Ukucela inombolonkomba yentela;
- Ukuthumela amadokumenti asekelayo uma uSARS ukucele ukuba wenze njalo;
- Ukubika udaba olusha lwempahla yomufi;
- Ukubukeza ummeleli obhalisiwe;
- Ukucela isimo sakho sokuthobela intel;a;
- Ukuqinisekisa isimo sakho sokuthobela intel;a; kanye
- nokubheka ukuthi ngabe bazohlolwa nge-Auto Assessment

“Ngale kokuba khona kwezinkundla zezibhangqiwe, uSARS uzungiselele izikhungo zokusiza abakhokhintela nabasebenza khona ukusiza abakhokhintela abadinga usizo ukuze bathobele izibophezelzo zabo ngokusebenzia imigudu etholakalayo - ukuxhumana ngocingo, ukuxhumana ku-inthanethi noma ukubonana bukhoma, izindawo zokuzisiza emahhovisi akwaSARS, kanye nomahambanendlwana emiphakathini ebekiwe nasezindaweni eziqheli emadolobheni. Utet, "Sisize abakhokhintela abayizi-330 000 emasontweni amabili edlule.”

USARS usaqhube ka nokuthuthukisa amandla awo okuhlonza nokuvimbela ukungathobeli ngokusebenzia imininingo oyithola kwaSARS nakubantu bangaphandle, okugxile emkhube ka wokungathobeli okufana nokungadaluli kanye nokudalula

ngokungaphansi kubakhokhintela abanganaki, abenza ngabomu, noma abangathobeli okubenza babe izigebengu.

UKhomishana uKieswetter uxwayise ngobugebengu obunyukayo. Uthe: "USARS angeke ucele abakhokhintela ukuba bahlinzeke ngemininingwane yabo yasebhange noma yamakhadi asebhange futhi awuwasebenzisi amakhonco (links) acela abakhokhintela ukuba bafake imininingwane yabo kuleyo-hyperlink." Uthe uSARS usebenzisa isizindalwazi kuphela ([www.sars.gov.za](http://www.sars.gov.za)) alikho elinye ikheli. Ucele ukuba abakhokhintela baqaphe eqolo njengonwabu futhi bangene kusizindalwazi sakwaSARS ukuqinisekisa ubuqiniso banoma yiluphi ulwazi abalusolayo.

"Amasonto ambalwa alandelayo azoba matasa kakhulu emahhovisi akwaSARS njengoba sizobe sixhumana sisiza abakhokhintela ezweni lonke. Siyaqonda ukuthi abanye abakhokhintela balinde ukuthumela amafomu abo entela, kakhulu balindele noma banethemba lokubuyelwa imali, ngalokho. Ngalokho, silindele ukuthi kungenzeka kube nolayini abade kanti nezikhathi zokulinda zingaba zinde njengoba sekuqale isikhathi sokubuyiswa kwamafomu entela. Uphethe ngokuthi, "Ngale kokushoda kwezinsiza nomthamo, siyazethemba izinyathelo esizithathile ngenhloso yokweseka inhlososu yethu nokuqhubeleka phambili ezifisweni zethu zokuhlinzeka ngosizo olungenazihibe, oluholmisayo nolwenza abakhokhintela bakwazi ukuzenzela, lapho izinto zentela zizenzekela kubantu abanangi baseNingizimu Afrika."

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana ne [SarsMedia@sars.gov.za](mailto:SarsMedia@sars.gov.za)